


INOVENA KAJOSEFA OCWEBILEYO

10 - 18 MARCH 2021




USUKU LWESIHLANU: 14 March 2021

Josefa Ocwebileyo, Mlondolozi weBandla eliNgcwele

O Josefa oCwebileyo odumisekayo, wakhethwa uNkulunkulu ukuba ube uMlondi kajesu, myeni woMzali kaNkulunkulu, uMaria, iNtombi eyingcwele, neNhloko yabendlu eyingcwele. Wakhethwa ukuba ube uMbambeli

kajesu njengoMmeli wasezulwini noMlondolozi weBandla elamiswa uKristo. Vikela uBaba Ocwebileyo, uPhapha uFrancis, nababhishobhi bonke nabapriste ahlangene nabo. Yiba futhi umvikeli wabo bonke abasebenza ukwandisa umbuso kaNkulunkulu noma ngabe kunezinkinga eziningi, siyacela ngozinuzelo zikajesu Kristo, ukusindiswa kwabo bonke abakholwa kuNkulunkulu. Josefa Ocwebileyo othandekayo yiba umvikeli nomlondi endleleni yokuphila kwaphakade. Sicelle ubumhlophe benhliziyo Kanye nothando lwempilo yokomoya. Emuva kwesibonelo sakho, yenza ukuba zonke izenzo zami ziqondiswe ekudumiseni kakhulu uNkulunkulu. Ekugcineni, sikhulekele ukuthi sihlanganyele ekuthuleni nasekujabuleni kokufa kwakho okuhle.

Josefa Ocwebileyo othandekayo, mlandeli othembekile kajesu Kristo, Ngiphakamisa inhliziyo yami ukuncenga ukunxuselwa okukhulu nguwe ukuzuza eNhliyiweni enobuNkulunkulu kajesu wonke amagrasiya engiyadingayo ngokomphefumulo nenhlalakahle, ikakhulukazi igrasiya lokufa okuhle negrasiya elibalulekile engilicela manje..... Mlondolozi weLizwi elaba umuntu, nginethemba lokuthi imikhuleko yakho, esikhundleni sami, izozwakala kahle phambi kwesihlalo sikaNkulunkulu. Amen.



UMKHULEKO WONYAKA KAJOSEFA OCWEBILEYO

Sibalekela kuwe Josefa Ocwebileyo sisosizini. Sithi sesicelile kumakoti wakho ocwebe cwe ukuba asisize, siyakuncenga nawe ngethemba elikhulu ukuba usilondoloze.

Siyakuncengisa ngenxa yothando olwakunamathelisa kuMzali kaNkulunkulu, iVirigo elingenasici, nangenxa yothando lwakho olunjengolukayise, owayithanda ngalo ingane uJesu, sicela ukuba ubheke ngomusa ifa eliligugu, uJesu alizuza ngeGazi lakhe, uze uselekelele ngokusiza kwakho okunamandla thina abasosizini.

Wena Mlondolozi onakekelayo wabendlu eyingcwele, awulondoloze abantwana abakhethiweyo bakajesu Kristo. Baba onesihe kakhulu, akusilondoloze singaze sathelwa ngesifo esithathelwanayo, esiyimfundiso yamanga nokwonakala. Wena Msizi wethu onamandla kakhulu, ake uthi usezulwini, usisize ekulweni kwethu namandla obumnyama.

Njengalokhu wake wophula uJesu eseyingane engozini enkulu yokubulawa, kanjalo-ke manje vikela iBandla eliyingcwele likaNkulunkulu, ulophule emacetsheni onke ezitha zalo nasekuhluphekeni konke. Uze usilondoloze nathi sonke ngaso sonke isikhathi, yikhona sothi sibonela kuwe, sisizwa uwe futhi, sihambe ngokulunga, size sife silungile, sifumane ezulwini ukuthokoza kwaphakade.
Amen.

Ngesibomu sikaPhapha uFrancis

Baba wethu,.....

Yethi Maria,.....

Udumo alube.....

**Josefa Ocwebileyo, Mmeli weBandla
elingcwele, sikhulekele**

